




transport

Department:
Transport
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

MNUZ. T.W. MCHUNU

UNgqongqoshe
wezokuThutha, ukuPhepha
nokuXhumanisa uMphakathi
KwaZulu-Natali



community safety & liaison

Department:
Community Safety & Liaison
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

KUHLOMULE ABASEMAKHAYA UMCHUNU ETHULA ISABELO MALI SIKA-R9 BILLION SOKWAKHA IMIGWAQO



UMCHUNU WETHULE
U-R6.9 BILLION
WOKWAKHA IMIGWAQO
NAMABHRIJI *Ikhasi 2*



SELUBE NEZITHELO UHLELO
LOKULETHA UXOLO
EMIPHAKATHINI *Ikhasi 3*



KUZOQOPHEKA UMLANDO
KUQANJWA NGAMAQHAWE
IMIGWAQO YESIFUNDAZWE
Ikhasi 4



IZIKHULU NEZISEBENZI
ZIKAHULUMENI KUMELE
ZIHAMBE PHAMBILI
EMKHANKASWENI
WOKUPHEPHA
EMGWAQENI *Ikhasi 4*

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu wamukele izitshudeni ezintsha zamaphoyisa amasha omgwaqo ngaphambi kokwethula isabelo mali zomnyango. La maphoyisa azoqinisa umkhakhango wezokuphepha emgwaqeni ukuze iKwaZulu-Natali iqhubekе nokuba yisifundazwe olungafakwa kusona kwabaphula umthetho.

ISITHOMBE: Sjabu Khewla



“Road safety is our collective responsibility.”



UMCHUNU WETHULE U-R6.9 BILLION WOKWAKHA IMIGWAQO NAMABHULUHO

AKHONA SIJULA

UKUTHUTHUKISWA kwengqalasizinda yomgwaqo kusalokhu kuyinsika yokusebenza koMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal.

Lokhu kugqame ngenkathi uNgqongqoshe walo Mnyango uMnuz Willies Mchunu eveza ukuthi emalini engu-R9.06 billion eyabelwe umNyango kulo nyaka wezimali ka-2014/2015, ebalelwa kumaphesenti angu-75 yabelwe ukwakha nokugcina ingqalasizinda yomgwaqo isesimweni.

Imali engu-R6.9 billion wesabelo-mali wabelwe ingqalasizinda yomgwaqo.

Kule mali, u-R3.8 billion uzotshalwa ekugcineni ingqalasizinda isesimweni bese kuthi u-R2.9 billion ungene ekwakheni imigwaqo emisha nokufaka itiyela kuleyo ewubhuqu.

Lolu hlelo Iwengqalasizinda kuyindela yesigaba sesibili sentando-yeningi yokuvula



EMINYE yemisebenzi eyenziwa uMnyango ekuthuthukiseni ingqala-sizinda yomgwaqo okubalwa kuyona imigwaqo kanye namabhuho esifundazweni sonke.

IZITHOMBE: Thami Mkhulisa no Sbu Zungu

amasango kufuqwe uhlelo lwezinguqoko kwezomnotho. Echaza ngalesi sabelomali, uMchunu, phakathi kokunye, uthe uMnyango wakhe uzogxila kakhulu ezinhlelweni zokwakhiwa kwemigwaqo yasemakhaya ngaphansi kwezinhelelo ezifana no-Operation kuShunquthuli. "Kubalulekile ukuba sibheke nasemisebenzini yemigwaqo exhumanisa imiphakathi yase-

makhaya nezindawo eziyizinda zomnotho, sakhe phezu kwestekelo esesisibonile kule minyaka engu-20 edlule yenkululeko nentando yabantu," kusho uMchunu. Okunye okuvelele enkulumeni kaMchunu kube wudaba lokulwa nenkinga yezikhinsi emigwaqeni (potholes). Ngokohlelo lokuvalwa kwezikhinsi, uHulumeni usethole nethuba lokugqugquzel

ukuthuthukiswa kwenta-sha kwezomnotho.

UMchunu ube esenxusa intsha engosomabhizinisi abancane ukuba yakhe imifelandawonye ukuze ibambe iqhaza kulolu hlelo.

Enye yezindawo olu-zohlolwa kuzona lolu hlelo yikuMasipala weTheku lapho kunenkinga kakhu-ku yezikhinsi.

"R6.9 billion wesabelo-mali wabelwe ingqalasizinda yomgwaqo"

KWANDISWA ISIBALO SAMAPHYOYISA AZOQINISA EZOKUPHEPHA EMGWAQENI



IZITSHUDENI zamaphoyisa omgwaqo ziviliyela ngaphambi kokuthi zamukelwe ngokusemthethweni uNgqongqoshe uMnuz Willies uMchunu ekolishi eMgungundlovu. ISITHOMBE: Sbu Zungu

MABUYI XHOBA

UMNYANGO wezokuThutha KwaZulu-Natali uyaqhube ka nokuthathela phezulu izinhlelo zokwandisa amaphoyisa omgwaqo ngezinhloso zokuqinise-kisa ukugcinwa komthetho

nokuphepha kwabasebeniza umgwaqo nokuvikela izingozi. Kule nyanga ka-Agasti kuqualile ukuqeleshwa kwamaphoyisa angu-91 ekolishi lamaphoyisa lalo Mnyango eMgungundlovu. Ukuqala kwalolu qeqesho

kulandela uhlelo lokuhlunga oluthathe izinyanga ezingu-14 nolwandulelw yishwa lokudlula emhlabeni kwentsha engu-8 ngoDecember 2012. Ekhulumna ngenkathi ethu-la iSabelo-mali soMnyango

wakhe esiShayamthetho uNgqongqoshe uWillies Mchunu uphinde wazwakalisa ukuxolisa emindenini eyathinteka ngaleso sigameko.

Uthe uMnyango wakhe uzibophezele ngokuthi kungaphinde kwenzeke into efanayo

"Sizoqinisa ezokuphepha kwamaphoyisa omgwaqo"

esikhathini esizayo.

Ube eseluleka laba asebephumelele ukungena emaphoyiseni wathi kumele bangawuthathi lo msebenzi njengowabantu asebelahlela ngoba sebehluilekile kweminye imikhakha yomsebenzi.


"Isifundazwe sethu sizosebenza ngokungakhathali ukubuyisa isithunzi saso sokwaziwa ngokungabekezeleli ukwephulwa kwemithetho yomgwaqo. "Ngaphezulu kwalokho sizok-

wandisa ubuchwepheshe bethu be-Average Over-Distance ku-N3 kusuka eCato Ridge kuya ekungeneni kuka-N2 ngaseThekwini bese kuba ku-N2 eLova kuya eMthentweni.

"Sizoqhubeka nokunxenxa izinhlaka zobulungiswa ezingeni likazwelonek ukuba zikhipe izigwebo eziqinile emacalen omgwaqo," kusho uMchunu.

Ube esezwakalisa ukukhazeka ngokuthi umNyango wakhe esikhathini esifushane nje usulahlekewa ngamaphoyisa omgwaqo amabili.

"Ithimba lethu lamaphoyisa lishayekile ngokushiywa ngu-Control Provincial Inspector Hamilton Nzimakwe emasontweni amabili edlule. Si-sakhathazekile futhi ngokulahlekewa ngu-Provincial Inspector Mzwandile Dinga ophelele ezandleni zezibengu ezimdubule wagcina eshonile ngenkathi enza umsebenzi wakhe ku-M25, owaziwa ngo-Dumisani Makhaye Highway, ngaKwaMashu," usho kanje.



"Road safety is our collective responsibility."

UMCHUNU UNXUSA UBUMBANO EKULWENI NOBUGEBENGU



UMCHUNU kweminye yemihlangano yomphakathi emizamweni kaHulumeni yokungelela ekulweni nobugebengu obuhlasele izakhamizi zakuleli.

ISITHOMBE: Sbu Zungu

SIPHO KHUMALO

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu uhlabe

ikhwelo elibhekise kuzona zonke izakhamizi zakulesi sifundazwe ukuthi zisukume zizihlanganise nomkhankaso oqhubekeyo wokulwa nobegebengu. Utethe ukulwa ngokuhlanganyela kwazona zonke izinhlaka zemi-

phakathi ezingaqoba lempi.

Ethula isabelo somNyango wakhe wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sika-R181.3 million sonyaka wezimali ka-2014/15 eSishayamthetho saKwaZulu-Natali, uMchunu uveze ukuthi

eminyakeni emihlanu eyedlule uMyango wakhe izinhlaka kanye nezinhlelo okuhloswe ngazo ukulwa impi yobugebengu.

"Muningi umehluko osubonakala kodwa futhi kusekungi okusamele kwensiwe. Miningi iminden kanye nemiphakathi okusamele ihlanguyele kulo mkhankaso isebezisane ekulweni nobugebengu. Sizolokhu sisho njalo ukuthi "Ngokuhlanganyela singabunqoba nobugebengu," kusho uMchunu.

UMchunu ubuye wagcizelela ukubaluleka kweminden uku-thi ihlanguyele empini yokulwa nobugebengu, wathi indawo lapho kuqhamuka khona ubugebengu yisemakhaya uqobo.

Ucaphune umbiko we-World Bank Country Assessment on Youth Violence Policy and Programmes in South Africa (June 2012) oveza ukuthi bu-qhamuka kanjani ubugebengu emiphakathini.

"Kuyinto eyaziwa umhlaba wonke ukuthi indawo lapho ku-suka khona ubugebengu isekhaya emndenini. Awukho umndeni ongaziphilela wodwa endaweni

yawo. Kodwa yonke iminden iphila emiphakathini.

Yonke iminden yakha ingxene ethile yomphakathi," kusho uMchunu.

"Sizokwenza ucwaningo ngomsebenzi wamaphoyisa ukuze sithole ukuthi unamthelela muni kulokhu"

Uphinde wabalulula, ngokwalo mbiko, ukuthi amalungu omphakathi angazimbandakanyi ezenzweni zobugebengu nawo likhona iqhaza alibambayo ebugebengwini.

"Imiphakathi iyazihlonipha izige-bengu eziphumelelayo, iyazivikela noma izifihle izigilamkhuba, ibe yizisulu zobugebengu noma ithinteku kukho konke lokhu," kusho uMchunu.

UMchunu ube eseshayela amaphoyisa ihlombe ngomsebenzi omuhle awenzayo wokubopha izigilamkhuba kodwa wabuye wabalula ukuthi kunezibalo ezinkulu zamacala agcina ngokungashushiswa kwabasolwa bawo.

SELUBE NEZITHELO UHLELO LOKULETHA UXOLO EMIPHAKATHINI



ISILO samaBandla, uNdunkulu waseMatheni noNgqongqoshe uMchunu, kubungazwa ukuthula eMatheni. ISITHOMBE: Sbu Zungu

SIPHO KHUMALO

KUYAJABULISA manje ukuthi uhlelo loMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali lokuxazulula izinkinga nolubizwa ngokuthi yi-Comunities-In-Dialogue seluthele izithelo. Lokhu kubonakale

ekuxazululen izingkinga zokubhekana ngeziq zamehlo ezindaweni ezifana naseMatheni, KwaNongoma.

Lokhu kuvezwe uNgqongqoshe walo mNyango uMnuz Willies Mchunu ngesikhathi ethula isabelo-mali sika-R181.3 million esiShayamthetho. Utethe hlelo luhlinzeka imiphakathi ngenkundla lapho ithola ithuba lokwabelana ngemibono bese ivumelana ngokumele kwensiwe ukuze kugcinwe indawo inokuthula.

Phakathi kwezindawo azibalile esezisizakele ngalolu hlelo uthe yis-eMombeni, eMafakatini, eMtshesi, eNgudwini, eMtubatuba, KwaHlabisa, eWeenen, eRichmond naseDukudu. "Lapho igqame khona kakhulu

le mpumelelo kube yiseMatheni, kwaNongoma, lapho kwaba nokungqubanza kwaqala ngombango wemizila yamatekisi kwagcina sekuqubuka udlame kwafa abantu abanigi kwabuye kwaholela ekutheni izakhamizi zishiye imizi yazo zayobhaca.

"Ukungelela komNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa iMiphakathi cube negalelo elikhulu ekudalekeni kokuthula eMatheni. Ukusebenisana kwemboni yezokuthutha nezinye izifundazwe ikakhulukazi emahostela esifundazweni saseGauteng, lokho kugqugquzele oNgqongqoshe abathintekayo okungowaKwaZulu-Natal, Free State, Mpumalanga nowase-Gauteng ukuba basukume bame ngezinyawo zombili ngokubambisana kulolu daba.

"Ukubhekelela ukuqhubeka kwalokhu kusebenisana kwezifundazwe kulolu daba, cube sekwakhiwa isivumelwano esibophezel bonke ngaphansi komthetho we-Intergovernmental Relations Framework Act ka-2005," kusho uMchunu.

"Siyalibonga futhi silishayela ihlombe igalelo laMakhosi lokusebenza ngokuzikhanda ukuletha ukuthula emiphakathini"



"Unite and Together Act Against Crime."

KUZOQOPHEKA UMLANDO KUQANJWA NGAMAQHawe IMIGWAQO YESIFUNDAZWE



UMGWAQO osuqanjwe ngesishoshovu somzabalazo uMnuz Dumisani Makhaye ungomunye oyisibonelo sohlelo oluphakanyiswe uMnyango lokuba kuqanjwe kabusha imigwaqo ngamaqhawe ezindawo. ISITHOMBE: Zingisa Hlathi

NONHLANHLA NDWANDWE

KULINDELEKE ukuthi lwamuke-lwe ngelikhulu isasasa emphakathini uhlelo loMnyango wezokuThutha esifundazweni lokuqamba ngamaqhawe, imigwaqo namabhriji esifundazwe.

Lolu hlelo lokuqanjwa kwemigwaqo, amabhriji nezinye izakh-iwo zesifundazwe luhlose ukhloniphamaqhawe akhiqizwe yimiphakathi, abaholi ababambe iqhaza kwezentuthuko kanye nabantu abayisibonelo emphakathini.

Lolu hlelo lumenyelwe nguNgqongqoshe woMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu, ngesikhathi ethula isabelomali soMnyango wakhe, esishayamthetho.

UMchunu uthe akangabazi ukuthi lolu hlelo luzogqugqu-zela imiphakathi ukuthi ibambe iqhaza ezinhlelweni zentuthuko futhi ikwazi ukhloniphamaqhawe izakhiwo ngabaholi ababambe iqhaza ekushintsheni izimpilo zomphakathi.

"Sizohlonipha amaqhawe ngokuqamba kabusha imigwaqo"

Esinye isigaba esizolandela salolu hlelo, kuzoba ngesokushintsha amagama amadala, angenazincavelo, amanye asahambisana nesikhathi sengcindezelo, aqanjwe ngamagama amasha.

"Lo msebenzi okwamanje usesigabeni sokuhlelewa ukuthi ungasetshenzwa kanjani. Okusempeleni uqondene nokuniqa amagama afanele emigwaqo yethu nezinye izakhiwo. Sihlose ngalo ukhakambisa umlando kanye nokuhloniphamaqhawe akuleyo miphakathi eyakhele leyo ntuthuko. Ngaphambi kokuba luqale lolu hlelo, sizoza lapha esishayamthetho, sizoninika imininingwane. Lolu hlelo ngolokuqinisa ubumbano nokuziggaja kubantu," kusho uMchunu.

UMchunu uthe lolu wuhlelo okumele ngabe selwenzenka ngoba ivede isikhona imiphakathi esiveze iziphakamiso zokuthi iyafisa ukwetha ngamagama imigwaqo namabhriji asakhiwe ezindaweni zayo.

IZIKHULU NEZISEBENZI ZIKAHULUMENI KUMELE ZIHAMBÉ PHAMBILI EMKHANKASWENI WOKUPHEPHA EMGWAQENI - MCHUNU

STHEMBILE LUTHULI

UNGQONGQOSHE woMnyango wezokuThutha, ukuPhepha KwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu wethule umkhankaso okuhloswe ngawo ukuqinisekisa ukuthi iziphathimandla zi-kaHulumeni zihamba phambili ekuqhubeni umkhankaso wokupheda emgwaqeni.

Lo mhankaso wethulwe ngoL-wesine ezindlini zesiShayamthetho nesikhathi uMchunu ethula isabelo mali soMnyango wakhe.

Lesi sabelomali sethulwe ngaphansi kwesiqbulo esithi: "ukuphepha emgwaqeni ngumsebenzi wethu sonke".

UMchunu uthe uyethemba ukuthi izinhlelo zoMnyango wakhe zisolifeza iphupho lokuqedna nya ngezingozi zomgwaqo esifundazweni.

Kulokhu uMchunu ube esenxenxa amalungu esishayamthetho noHulumeni wonke ukuba azibophezele ngokuba ngamanusa ezokuphepha emgwaqeni.

Ubeye waphonsela inselelo uHulumeni ukuba ungene kwinkulumo-ngxoxo nezinyunya zabasebenzi ngokuthi si-

qiniswa kanjani isandla kubasebenzi bakaHulumeni abaphula imithetho yomgwaqo.

"Lapha sibheke ukuthi zonke izinhlaka neminyango kaHulumeni ziqinisekise ukuthi izimoto zabaholi, izikhulu, nabasebenzi jikelele zisesimwensi sokuba semgwaqeni ngaso sonke isikhathi.

"Kumele thina esikuHulumeni sibe isibonelo esihle kubantu"

"Kumele thina esikuHulumeni kube yithina esiba yisibonelo. Ngiphakamisa nokuthi uHulumeni udingide kabanzi udaba lokujezisa kwabashayeli nabasebenzi abaphula umthetho womgwaqo. Lokhu kuzokwenza wonke umuntu azimisele ngokwenza umehluko, silwe nesihlavu sokufa kwabantu.

"Wonke umuntu uneqhaza okumele alibambe ukuze kuliwe nalesi sihlava esihlaele emgwaqeni yethu. Ukuphepha emgwaqeni kusengezinye zezinto



UKUBAMBA iqhaza emkhankasweni wokulwa nezingozi emgwaqeni, uMnyango uhlabe ikhwelo eminyangweni kaHulumeni eyahlukene ukuba iqinisekise ukuthi izimoto nabashayeli bazo basesimwensi sokuba semgwaqeni.

ezibaluleke kakulu futhi ezi-sadinga ukubhekwa ngeso elibukhali," kusho uMchunu.

UMchunu uqhube wanxusa abamabhizinisi, ikakhulukazi imboni yamaloli, eyokuthutha abezikole zoku-

fundela ukushayela kanye nabaniqazi bezimoto jikelele, ukuba bawubeke ezandleni zabo nabo umsebenzi wokuphepha emgwaqeni. Ube esexwayisa ngokuthi umNyango wakhe uzoqinisekisa ukuthi ubuyisa

isithunzi sesifundazwe sakwa-Zulu-Natali lapho okwaziwayo ukuthi 'Alufakwa KwaZulu-Natal Lubuya Nesaphula-mthetho', njengoba amaphoyisa omgwaqo ezosebenza ngokuzikhanda ukuletha ukuphepha.



"Road safety is our collective responsibility."